**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 75**

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B noC.
- Phendula yonke imibuzo.
- Nombola izimpendulo zifane nezemibuzo.
- Fundisisa umbuzo anduba uwuphendule.

## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### ISIFUNDO SOKUQONDISISA

Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:

Igama labe lisuselwa kokuthile. Kungaba ngumuntu engakazalwa, ezalwa, esezelwe noma yizifiso zabazali noma umndeni.

Izintaba, imifula kanye nezindawo kwethiwa ngoba kulandelwa isimo esithile esivame kuleyo ndawo.

Igama likaShaka kwabe kuyigama lesifo sabesimame lapho bekhukhumala isisu kube sengathi bakhulelwe. USenzangakhona wayephika ukuthi uNandi ukhulelwe ethi uphethwe yisiShaka. Kuthe lapho sekubelethwa ingane yomfana, kwathiwa uShaka.

Inkosi uGodongwane yathola igama likaDingiswayo ngemuva kokudingiswa ngoba yayibaleke uyise efuna ukuyibulala. Yabaleka yaze yabuya uyise esefile.

KwaZulu kunentaba ebizwa aMabedlana ngoba uma uyibuka iphakeme yaba namaqhubu amabili abhekene amise okwamabele etshitshi. Kanti futhi kukhona nebizwa iSandlwana. Yona-ke imise okwendlu.

Umfula iManzimtoti wethiwa yinkosi uShaka ehlonipha ukuba abize unina ngegama, uNandi. Wayeqonde ukuthi amanzi alo mfula amnandi. Wakhetha igama elihambelana nalelo elithi amanzi amtoti. Wonke-ke umuntu wawubiza ngamanzamtoti.

ISoweto yigama elicwasayo, eliyinzala yobandlululo elisho imizi yabansundu eseNingizimu yeNtshonalanga yeGoli. Yabizwa ngokuthi yiSouth Western Townships. ISoshanguve yigama elihlanganisa izinhlanga ezahlukene okuyimizi yabansundu abasePitoli okungabeSotho, amaShangani, abeNguni namaVenda.

Lokhu kuqanjwa kwamagama kungubuciko bomlomo ngoba imvula isuselwa efwini. Namuhla amatekisi aqanjwa izibongo, kukhona uSizakancane, Hamba nabo mshayeli, Izigi zendoda, njalo njalo. Nawo lawo magama asuselwa kwinto ethile.

179

1.1 Chaza la magama ukuthi asuselwa kuphi:

1.1.1 UShaka (2)
1.1.2 UDingiswayo (2)

1.2 Ngobani amagama abazali bakaShaka? (2)

1.3 UShaka wamhlonipha kanjani unina? (1)

1.4 Lezi zintaba zimise okwani? Chaza ucaphune esiqheshini ?

1.4.1 ISandlwana. (1)
1.4.2 IMabedlana. (1)

1.5 Ikuphi iSoweto? (2)

1.6 Lasuselwa kuphi igama iSoshanguve? (2)

1.7 Kuqondeni ukuthi imvula isuselwa efwini? (2)

1.8 Yiliphi elinye elimqondofana **nobandlululo**? (1)

1.9 Yiliphi elinye igama elingumqondofana nelithi **ukwetha** elisesiqeshini? (1)

1.10 Yiziphi izilimi EZIMBILI ezingaphansi kwesiNguni? (2)

1.11 Yini eyayibhekwa lapho kwethiwa izintaba, imifula nezindawo? (1)

1.12 Ubani igama lenkosi uDingiswayo? (1)

1.13 Izintaba nemifula okuxoxwa ngazo lapha zikusiphi isifundazwe? (1)

1.14 Amagama amalokishi iSoweto neSoshanguve okuxoxwa ngawo lapha akusiphi isifundazwe? (1)

1.15 Namuhla amatekisi aqanjwa izibongo. Yini izibongo? Chaza. (2)
**[25]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

Qoqa le ndatshana ngokusebenzisa amagama akho angeqi ku-20. Uqaphele ukuthi ungaphumi noma ungagudluki emongweni wendaba.

Okunye kwezinto ezintsha esizibonayo kulezi zinsuku wukuthi kuthi ngezikhathi zakusihlwa imindeni iqoqane ndawonye izokwethamela umabonakude kumbe izolalela imidlalo emsakazweni. Uma sithi jeqe emuva sibheka ezikhathini zakudala siyabona nakhona ukuthi kwakukhona lokhu kubuthana ngezikhathi zasebusuku. Imibuthano yasemandulo yayingafani neze nalena yomabonakude. Bekuthi kungaqedwa yonke imisebenzi yasemini bese kuthi uwonkewonke abuthane endlini enkulu. Kubuthenwe lapha nje phela kothiwa imbuthuma mhlawumbe kosiwa nommbila uma kusekwindla. Ngale nkathi phela amaxoxo aqhuma phezulu emiqadini yendlu. Mhlawumbe nobhaqa nalo lulokhu lufiyofiyoza lapha ngasemlindaziko kumbe emsamo. Lonke uthimbazana lwasekhaya kunye nenkwebane imbala kuphelele lapha emphelandaba. Ziningi phela izinto ezifundwa ngale nkathi ezinye zazo eziphathelene nomndeni lowo, amasiko nokunye okuningi. Kanti kufundwa kubani ngoba ukhona phela uqolotha kamango ongugogo okunguye oxoxa nabazukulu bakhe. Ubaxoxela izindaba zakudala ezigcinwe lapha kuye ekhanda ezingabhaliwe phansi. Abanye balalela baze bazunywe ubuthongo elokhu ezithamunde njalo ugogo. Zehlukene izindaba ezixoxwa kulo mbunganyelo. Kukhona eziqanjwa nguye umxoxi lo, ugogo phela, kanti ezinye zifaka namaqhawe akudala. Laba abalalele-ke nabo abahlali bagoqe izandla nje kodwa kukhona okuthile abakwenzayo ngenkathi ugogo exoxa.

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C
### UHLELO

### UMBUZO 3

Funda lesi siqephu, uphendule imibuzo esuselwe kusona:

KwaZulu kukwanja yotha umlilo. UNkosikazi wakhona unesandla, lokhu kufakazelwa abantu abayizihlali. Izinkomo zakhona zizala unyaka naunyaka. Izingane zakhona ziyajabula ngaukuzalelwa emqubeni. Awubuzi uvele ubone nje ukuthi baphakathi komhlane nembeleko.

3.1 Guqula umusho odwetshelwe ube **sebunyeni**. (1)

3.2 Guqula umusho odwetshelwe ube **sendleleni yamandla**. (1)

3.3 Kungani igama: uNkosikazi libhalwe ngofeleba? (1)

3.4 Kuchazani ukuthi unesandla? (1)

3.5 Guqula undaweni <u>emqubeni</u> abe yibizo. (1)

3.6 Kukuphi kwanja yotha umlilo? (1)

3.7 Isijobelelo u/ – kazi/ esiqeshini uveza mqondo muni? (1)

3.8 Ukuyiphi inkathi lo musho olandelayo:

3.8.1 Awubuzi uvele ubone nje ukuthi baphakathi komhlane nembeleko? (1)

3.9 Nciphisa **ibizo: izinkomo** (1)

3.9.1 Sebenzisa ibizo olinciphise ngenhla emshweni (1)

3.10 Nika incazelo yaleli gama elidwetshelwe kule misho engezansi:

3.10.1 Awubuzi uvele <u>uyibone</u> nje. (1)
3.10.2 <u>Uyayibona</u> na into engiyishoyo? (1)

3.11 Nika incazelo yalesi sisho:

3.11.1 Ukuzalelwa emqubeni. (1)

3.12 Uyini umsebenzi **wesiqalo sebizo**? Sekela ngegama elisesiqeshini. (2)

3.13 Yiliphi elihlonipha **inja**? (1)

3.14 Yiliphi **elingumqondofana** nelithi **iNkosikazi**? (1)

3.15 Igama **inkomo** liqoqa maphi amagama? Nika abe MABILI ngaphandle kwegama elithi inkunzi. (2)

3.16 Lungisa ukuze kuphimiseke ngokuyikho:

3.16.1 ziyejabula ngaukuzalelwa emqubeni (1)
3.16.2 izinkomo zakhona zizala unyaka naunyaka (1)

3.17 Lesi sabizwana sikhomba kuphi nendawo:

3.17.1 lokho? (1)

3.18 Uphawu lokuloba **ungqi** lusetshenziswa uma kunjani emshweni? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna esiqeshini. (2)

3.19 Guqula umusho ongezansi ukuze impambosi yokwenziwa isebenze ibe nesibanjalo esikhundleni sebizo.

3.19.1 Lokhu **kufakazelwa** abantu abayizihlali (2)

3.20 Nhloboni **yesivumelwano** esidwetshelwe kulesi senzo:

3.20.1 abayizihlali? (2)

3.21 Kuchazani ukuthi uphakathi komhlane nembeleko? (2)
**[30]**

**UMBUZO 4**

4.1 Bhala leli gama libe **umfakela** ngesiZulu.

4.1.1 Brinjol (1)

4.2 Hlukanisa la magama ngokusemthethweni wolimi lwesiZulu:

4.2.1 Lezozinkomoziyadayisa. (1)
4.2.2 Ngomhlaka 12 usukulwami lokuzalwa. (1)

4.3 Bhala ofeleba endaweni efanele:

4.3.1 ukamazibuko ugane eGoli. (2)
4.3.2 Ngolwesibili yiholide. (1)

4.4 Khetha elifanele ekunciphiseni:

4.4.1 inkomana, inkonyane, inkomonyana (1)
4.4.2 incwajana, incwadana, incwadincwadi (1)

4.5 Eqa unkamisa ngokuthanda kulo musho:

Inkomo ekhala eMthonjaneni izizwe zonke ziyizwile. (2)
**[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**